# ISIMO SOBUNTWANA 1

Yebo, kuhlala kunjalo, njengoba ngishilo phambilini, “Ngajabula lapho bethi kimi, ‘Masiye endlini yeNkosi.’” Ngikholwa ngukuthi uDavide wake wayenza leyonkulumo, “Masiye endlini yeNkosi.” Angiyazi enye indawo engcono ukuba kuyo, uyayazi wena, kunasendlini yeNkosi.

2 Manje, kulobubusuku si...sinabangane abathize lapha bonke abavela le eGeorgia. Cishe bazobe beshayela behla emva—emva kwelantshi kulobubusuku. Sizobe-ke sesi...Abanye babo bavela le ezansi, ngiyethemba nizosala. Futhi noma yiziphi izindlu esinazo ivulelwe nina.

3 Bese-ke kuthi ngolwesiThathu ebusuku sizoqhubeka njalo, ekufundisiseni, bese-ke, iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo futhi.

4 Bese-ke iChatauqua iqala ziyisithupha. Ngakho nonke nina enicebe ukuba namaholide, sibheke isikhathi esikhulu esimangalisayo eChatauqua. Kulapho la esihlala siba nesikhathi esimangalisayo. Akusizo izixuku esiningi kakhulu, sigijima ngesinye isikhathi...Iyomumatha cishe...Ngicabanga ukuthi besingakwazi ukufaka ishumi lezinkulungwane kuyo, kalula. Kodwa, ngokujwayelekile, ngonyaka odlule ngicabanga ukuthi sasinezinkulungwane ezithi azibe lapha esikhombiseni, into efana naleyo. Kwakuyindawo egcwele phama, kodwa iningi indawo yokuma. Futhi izihlalo ababengaze bazibeke kuyoyonke indawo phandle. Futhi ngakho sibheke lokho.

5 Futhi siyajabula ukubona abaningi babafowethu abangabefundisi bekhona. A—angisalicabangi nhlobo igama lakhe lapha, isithunywa senkolo, uMfowethu Humes noDadewethu Humes, ngabe nguwe ohlezi khona lapha, nabantwana, siyajabula ukuba nabo, isithunywa senkolo. Abanye, uMfowethu Pat, uMfowethu Daulton, futhi, o, baningi impela nje, uMfowethu Beeler. Futhi ngibone uMfowethu Collins emizuzwini embalwa nje edlule. Futhi, o, kuzobal’khunyana ukubabiza bonke. Kodwa sijabula kakhulu ukuba nani endlini yeNkosi kulobubusuku. LoMfowethu Neville omkhulu othandeka kakhulu ohlezi emva kwami lapha ukuba akhuleke kanye nami sisazofundisa iZwi. Charlie, ngiyajabula ukukubona noDadewethu Nellie lapha kulobubusuku, abantwana. Lokhu yi...futhi ukufundisa iBhayibheli ngokuvamisile impela ku... Yebo, Mfowethu Welch, nje ngi...bengikufuna, ngiyakubona uhlezi emuva lapho manje.

6 Ukufundisa iBhayibheli ngokuvamisile kuthi ukuba yingozi kancane, encane, uyazi, ukuthi ukuhamba uphumele ebucayini, sikubiza kanjalo. Kodwa nje sizwa sengathi mhlawumbe, kulendawo nakulesisikhathi, kungakuhle ukuthi

nje ukuletha i—ibandla kulokhu engikucabangayo, eku—ekuqondeni okupheleleyo, ngokwendawo okuyiyona yona, yalokho esiyikho kuKristu Jesu. Futhi ngezinye izikhathi ngicabanga ukuthi ukushumayela kuyinto emangalisayo, kodwa ngikholwa wukuthi ngezinye izikhathi, Mfowethu Beeler, ukuthi ukufundisa kwedlulela phambili kwalokho, ngomusa ku... kakhulukazi ebandleni. Manje, ukushumayela ngokuvamisile kubamba isoni, kusilethe ngaphansi kokwahlulelwa yiZwi. Kodwa ukufundisa kubeka umuntu endaweni okuyiyona yona ukuthi uyini. Futhi singeze ngokufaneleyo sakwazi ukuba nokukholwa kuze kuthi ngokwendawo eyiyona yona sazi ukuthi siyini.

7 Manje, uma iUnited States, yalelizwe elihle lapha, ingithumele eRashiya, njengenxusa lalesisizwe, kwiRashiya, bese uma bengithumele ngokomthetho eRashiya, onke amandla iUnited States enawo asemva kwami. Izwi lami lifana nse neUnited States, uma bengikade ngaziwa njengenxusa.

8 Futhi ngakho-ke uma uNkulunkulu esithumele ukuba sibe ngamanxusa aKhe, onke amandla aseZulwini, konke uNkulunkulu ayikho, zonke zeziNgelosi zaKhe nakho konke okwamandla aKhe kumi emva kwamazwi ethu uma singokuyikho futhi sigcotshiwe, izithunywa ezithunyelwe kubantu. UNkulunkulu uzomele alihloniphe iZwi, ngokuba Ulobe kanjalo ngokuqinisa, ukuthi "Okubopha emhlabeni, lokho Ngiyakukubopha eZulwini. Okukhulula emhlabeni, lokho Ngiyakukukhulula eZulwini. Futhi Ngikunika izihluthulelo zoMbuso." O, izethembiso ezinkulu kangaka pho Azinikeze ibandla!

9 Futhi mina, emva kwelinye ilanga, uma iningi lenu ngiyethemba lilapha namhlanje ekuseni ukuzwa njengoba ngikuzama, ngendlela yami yokuzithoba, elula, ukuchaza u—umbono engawubonayo weZulu.

10 Ngingeke nakanye ngike ngizame ukungabaza noma yini noma ubani owake wangitshela yona uNkulunkulu abatshela yona. Ngiyokukholwa ngisho noma ngingakubonanga emBhalweni, ngiyobe ngisafuna ukulikholwa lelozwi lomfowethu. Ngi—ngingavele ngihlale ngihambisane neBhayibheli ngqo, kodwa nokho ngiyokholwa ukuthi mhlawumbe umfowethu akakuqondanga ngandlela thize, ukuthi angahle ukuba nje udidekile kancane. Futhi ngiyobe ngisalokhu ngikholwa ukuthi u—ungumfowethu.

11 Futhi uma kukhona noma yini okuvutha ngaphakathi kwenhliziyo yami, futhi ngethemba ukuthi akusoze kwasuka eminyakeni yami ezayo, ukuthi angisoze ngakukhohlwa okwenzeka ngeSonto eledlule ekuseni, njengeviki. Kwenze okuthize kimi okuguqule du impilo yami. A—angesabi. A—anginakho nokukodwa ukwesaba ukufa. Ukufa akwesabeki

nhlobo. Futhi ku—akwesabeki kuwe uma nje ube nokuqonda. Manje, mhlawumbe uma . . . Ufanele ube nesehlo ukuba ukwazi, ngoba ayikho indlela yokukuchaza. Ungeke uwathole amagama, ngoba alikho esichazamazwini sesiNgisi, kumbe nanoma yisiphi esinye isichazamazwi, ngoba kusePhakadeni; alikho izolo, alikho ikusasa, konke kusenkathini yamanje. Futhi akusikho ukuthi "Ngizizwa ngikahle impela," futhi ehoreni kusukela manje, "Angizizwa ngikahle hle," futhi ngelinye ihora, "ngizizwa ngikahle futhi." Kuyinkathi yamanje sonke isikhathi. Niyabo? Akunqamuki neze, yilokho kuthula nje okujabulisayo nokunye.

12 Futhi kungebebikho sono, kungebebikho mona, kungebebikho kugula, ku—kungebebikho lutho oluke lufinyelele kulologu lweZulu. Futhi uma ngingahle ngibe nenhlanhla yokusho lokhu, kokuthi, mhlawumbe angingakwenzi. Uma ngingakwenzi, khona-ke ngiyakhuleka ukuba uNkulunkulu angithethelele. Kodwa uma nginenhlanhla, futhi kwakungukuba uNkulunkulu wangenza ngahlwithelwa phezulu ukubona okuthize, ngingakuthatha ngokuthi ngamaZulu okuqala. Futhi-ke ngiyakholwa, oyedwa eBhayibhelini, ogama lakhe, ngiyakholwa kwakunguPawulu, owahlwithelwa kwawesithathu amaZulu. Futhi uma kwakuyilenkazimulo kwawokuqala amaZulu, lawomaZulu esithathu aphetheni pho? Akumangalisi engakhulumanga ngalokho iminyaka elishumi nane! Wathi wayengazi noma wayesemzimbeni noma engekho emzimbeni. Nalowomphostoli omkhulu, kungesikho ukwabelana ngesakhe—sakhe—isikhundla sakhe, kumbe kungesikho ukuzama ukuba sizenze noma yini njengoba wayenjalo, kodwa ngingasho kanye naye, angazi noma kwakukulomzimba noma kungekho emzimbeni. Into kuphela, kwakuyinto yangempela njengoba nginibuka nje.

13 Futhi bengihlale ngimangala ngokuthi ngabe ngiyokwedlula bese ngibona ifu elincane lintanta, umoya, bese ngithi, "Nanguya ehamba umfowethu nodadewethu, lowo nguCharlie noNellie. Lowo nguMfowethu noDadewethu Spencer behamba laphaya." Lokho kwakuhlala kungidida. Uma amehlo ami esethuneni, ebuthuka, ebola, uma izindlebe zami ingekho lapha ukuba iphinde izwe, futhi uma igazi lami selibuyele emuva lonke futhi baligqumise ngemithi, futhi lisemanzini kumbe emhlabathini, namandla engqondo ami, amangqamuzana obuchopho ami onke esephelile, manje-ke pho ngiyoba kanjani ngokunye kunokuba ngibe ngumoya nje ontantayo ujikajika na? Futhi lokho kwangikhathaza. Ngiyothanda kanjani ukuthi, "Halo, Mfowethu Pat, o, ngijabula kakhulu ukukubona! Halo, Mfowethu Neville, ngiyothanda kanjani ukukubona!" Kodwa ngacabanga, "Yebo, uma ngingenalutho engingabona ngalo, namlomo wokukhuluma, ubolile, uluthuli, ngiyokwazi kanjani ukuthi, 'Halo, Mfowethu Pat,' 'Halo, Mfowethu Neville,' kumbe okunjalo, 'Yebo, Charlie'?"

14 Kodwa manje sengiyazi ukuthi lokho kuliphutha. Ngokuba kulotshiwe emiBhalweni, engithi akuphambene, "Ngokuba uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinelinye eselivele lilindile," elinye idokodo elinamehlo, izindlebe, izindebe, amandla engqondo. "Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa!" Linomzimba engingawuthinta, okhulumayo.

15 Futhi manje kufika kimi, njengamanje, ukuthi uMose wayesafa futhi esethuneni elingaphawuliwe amakhulu ayisishiyagalombili eminyaka, noElisha wayesaya eZulwini iminyaka engamakhulu amahlanu ngaphambili, kodwa eNtabeni yokuGuqulwa isimo bafunyanwa bekhuluma noJesu.

16 Emva kokuba uSamuweli wayesafa cishe iminyaka emithathu kuya kwemihlanu, nomlumbi-kazi wase Endori wambiza akhuphuke, futhi wawa ngobuso bakhe, wayesethi, "Ungikhohlisile, ngoba wena unguSawule, qobo lwakho." Wathi, "Ngoba ngibona onkulunkulu!" Wayengumhedeni, niyabo. "Ngibona onkulunkulu bevuka."

17 Futhi uSawule wayengakamboni nokho, wayesethi, "Ubukeka enjani? Awungichazele yena."

Wathi, "Uzacile, futhi unengubo phezu kwehlombe lakhe."

18 Wathi, "Lowo nguSamuweli, umprofethi, mlethe lapha phambi kwami." Ngifuna niqaphelisise ukuthi uSamuweli wayengakalahlekelwa nangobubodwa ubuntu bakhe. Wayesalokhu enguye umprofethi, watshela uSawule khona impela okwakuzokwenzeka ngosuku olulandelayo.

19 Ngakho, niyabo, ukufa akusiqedi sishabalale nya njengoba sikhala silile ethuneni. Kuphela kuguqula indawo yethu yokuhlala. Kusithatha kusisuse endaweni siye . . . Yini ubudala? Uma ngiphila ihora elilodwa ngaphezulu, ngiyophila ngedlule kaningi umuntu oneminyaka elishumi nesithupha ubudala, ngiyophila ngedlule kaningi umuntu oneminyaka emihlanu ubudala. Ubudala abuthi-shu. Sibekwe ngenhloso nje lapha, ukuba senze okuthize.

20 Yebo, manje, abaningi balabomama abancane ababuso obuhle abahlezi lapha, abanye babo banamashumi ayisithupha kumbe amashumi ayisikhombisa eminyaka ubudala, bebengathi, "Yebo, yini engiyenzile, Mfowethu Branham?" Ukhulise abantwana bakho. Wenze lokho owawufanele ukwenze.

21 Mhlawumbe uBaba omdala othize ohlezi lapha, uthi, "Yebo, ngibhuqe amasimu, ngenze *lokhu*. Angizange ngishumayele." Kodwa wenza khona impela lokho uNkulunkulu akuthumela ukuba ukwenze. Ikhona indawo yakho.

22 Ngikhuluma nodokotela omdala, izolo, omunye wabangane bami abangodokotela, obhuti, onamashumi ayisishiyagalombili-*nento* eminyaka ubudala. Futhi umlamu wakhe ukhona lapha

endlini yokukhonzela kulobubusuku, futhi ubethe nje—ubethe ukukhathazeka kancanyana ngaye. Futhi ngaya ukuyombona. Futhi ngathi nje ngiqala ukukhuluma naye, waswanguluka, wangitshela ngohambo lokuyozingela aluthathayo eminyakeni eminingi eyadlula phezulu eColorado, kulo lelozwe engazingela kulo. Ehlakaniphile futhi ekhaliphe ngempela! Ngase ngithi, "Dokotela, sekuyisikhathi esingakanani welapha?"

23 Wathi, "Ngenkathi wena usancela." Futhi ezansi le ngathi . . . "Futhi isikhathi esiningi," wathi, "Ngelaphile, ngithatha ikalishana lami, ngibeke izikhwama zami zesihlalo phezu kwehhashi lami. Ngathatha ujosaka omncane futhi ngahamba."

24 Futhi ngathi, "Yebo, ezansi osebeni lomfudlana, ngelesibili nqo ekuseni, nokukhanya okubanekayo kwakho, uzama ukuthola indlu lapho umntwanyana ayephethwe yisisu khona kumbe umama esikwa."

Wathi, "Kunjalo."

25 Futhi ngathi, "Uyazi, dokotela, ngikholwa ukuthi, ngapheseya kwalomugqa ohlukanisayo lapha, phakathi kokufa nokungafi, uNkulunkulu unendawo yodokotela abadala abalungileyo abasebenza kanjalo."

26 Izinyembezi ezinkulu zaphuma emehlweni akhe wayeseqala ukukhala, waphakamisa izandla zakhe ezintekenteke wayesethi, "Mfowethu, ngethemba kanjalo." Ngapheseya kwezwe, uNkulunkulu wahlulela umphefumulo womuntu, ngalokho ayikhona.

27 Ngase ngimnika lomBhalo owenelisayo. Izikhathi eziningi, ulima lawomasimu amnyama anodaka ebusuku, uzama ukusiza omunye, mhlawumbe ungatholi ngisho upeni ngakho, kodwa kulungile. Ngathi, "UJesu wathi emiBhalweni, 'Babusisiwe abanesihawu, ngokuba bayakuhawukelwa.'" Futhi liqiniso lelo.

28 Futhi namuhla ebusuku sifuna ukubeka ibandla, kulezizifundo ezintathu, uma uNkulunkulu evuma, ukuthi sibe kanjani futhi sibuke kuphi, ukuthi siyini. Sizoqala esahlukweni 1 seNcwadi yencwadi kaPawulu e Efesu. Futhi sizothatha izahluko ezintathu zokuqala ekufundeni kwethu okuthathu okulandelayo, sizame ukuthola isahluko ngokuhlwa ngakunye, uma singahle sikwazi. Kulobubusuku, ngolwesiThathu, nangeSonto elizayo ekuseni. Abase Efesu, isahluko 1. Manje njengoba sifundisisa ndawonye, ngithanda ukusho lokhu, ukuthi leNcwadi yabase Efesu ngokuphelele ihambisana nekaJoshuwa weTestamente eliDala. Abase Efesu, iNcwadi yabase Efesu.

29 Manje, khumbulani, uma kwenzeka sithi nje ukuchezuka kancane, ekufundiseni kwakho, sithethelele nje usibekezelele isikhashana. Ngaphambi kokuba siyivule, asiMcele asisize, sisakhothamisa amakhanda ethu.

30 Nkosi, sisondela emBhalweni waKho ongcwele ongathintwayo, Ophephe kakhulu kunawo onke amazulu nomhlaba. Ngokuba siyafunda kuleliZwi, elibizwa ngeBhayibheli, ukuthi "Kokubili izulu nomhlaba kodlula, kodwa iZwi laMi alisoze lahluleka." Ngakho, phezu kwalelihora elinzima engiza ngalo kulelipulpiti kulobubusuku, phambi kokuthenga kweGazi laKho, lababantu abathandekayo abangamagugu abahlezi lapha kulobubusuku, bebamba onke amathemba amancane abangawabamba, ukubambelela ngenxa yalokho kuPhila okuzayo. Sengathi kungenela kakhulu, kulobubusuku, ukuthi lonke ikholwa elilapha lizoyibona indawo yalo, futhi wonke umuntu ongakezi angene kulenhlanganyelo enkulu, uzophikelela eMbusweni, Nkosi, futhi angqongqoze emnyango uMgcini aze avule umnyango. Siphe khona, Nkosi.

31 Sifunda phakathi lapha lapho leliBhayibheli lingachasiselwa ngumuntu ngokwakhe. Nkulunkulu, yenqaba ukuba mina-nceku yaKho noma yiyiphi enye inceku ukuba iyoke izame ukuba bafake incazelo okungeyabo eZwini. MasiLifunde nje siLikholwe, ngendlela eLilotshwe ngayo. Futhi ikakhulukazi thina belusi bezimvu bemihlambi, thina belusi esiyothi ngelinye ilanga sibuthane ngaleya kuleloZwe elikhazimulayo nemihlambi emincane, futhi siyoma eBukhoneni beNkosi uJesu futhi siyosibona lesosizukulwane sikhuphuka, sikaPawulu, nesikaPetru, nesikaLuka, noMarku, noMathewu, nabo bonke, futhi sibabone behlulelwa lapho namaqembu abo. Nkulunkulu, ngiphe ukuba ngikwazi ukubeka imiklomelo eyizigidi ezilishumi ezinyaweni zaKho ngesikhathi ngigaqazela ngokuzithoba ngenyuka ngibeka izandla zami phezu kwezinyawo zaKho ezithandekayo, futhi ngithi, "Nkosi, bangabaKho."

32 O Nkulunkulu, sigcwalise kabusha ngoMoya waKho, nangothando lwaKho nobubele baKho. Futhi kwangathi thina, njengalokhu umlobi-zinkondlo ekuzwakalisile eculweni eminyakeni eminingi eyedlula, "Wundlu elithandekayo elifayo, iGazi laKho eliligugu alisoze lalahlekelwa ngamandla alo, lize lithi lonke iBandla elihlengiwe likaNkulunkulu lisindiswe ukuba lingabe lisona. Futhi kusukela lapho, ngokukholwa, ngawubona lowomfudlana owavezwa yisilonda saKho esigelezayo; uthando oluhlengayo lube yindaba yami, futhi luyoba yiyo ngize ngife. Bese kuthi ngelobuqhawe, iculo elimnandi," uqhubeka athi, "Ngiyohlabelela amandla aKho asindisayo; lapho lolu oluzihluphekelayo, ulimi olungingizayo lulala seluthule ethuneni." Khona, ithuna alibambi nayikuphi ukufa kubantwana baKho. Kuphela kuyindawo yokuphumula, kumbe indawo yokucasha, lapho lokhu ukubola kuyokwembatha ukungaboli.

33 Sengathi thina kulobubusuku singakubona lokhu, Nkosi, ngokucacile, njengalokhu kunikwa thina eZwini. Sinike ukuqonda. Futhi sibeke, Nkosi, endaweni yethu yokugada,

ukuze sikhonze ngokwethembeka Uze ufike. Sicela lokhu eGameni likaJesu, nangaYe. Ameni.

34 Manje, iNcwadi yabase Efesu, njengoba bengisho nje, ngi . . . ngokwami ukubona, ngenye yeziNcwadi ezinkulu kunazo zonke zeTestamente eliSha. Iyasishiya, lapho ubuCalvini buphumela egatsheni elilodwa, nobuArminias buphumela kwelinye igatsha, kodwa iNcwadi yabase Efesu ikudonsela ndawonye bese ngokwendawo okuyiyona yona ibeke iBandla.

35 Manje, ngiyifanise noJoshuwa. Uma uqaphelisisile, uIsrayeli wakhushulwa waphuma eGibhithe, futhi kukhona izigaba ezintathu zohambo lwabo. Isigaba esisodwa, kwakungukushiya iGibhithe. Isigaba esilandelayo, kwakuyihlane. Nesigaba esilandelayo, kwakuyiKhanani.

36 Manje, iKhanani ayimele inkathi yesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Kuphela imele inkathi yomnqobi, isikhathi sokunqoba, ngoba eKhanani babulala futhi bashisa futhi bathatha amadolobha. Futhi akuyikubakhona ukufa esikhathini seminyaka eyiNkulungwane.

37 Kodwa enye into eliyenzayo, likhuphula ukulungisiswa ngokukholwa, emva kokuba sebekholiwe nguMose futhi bashiya iGibhithe. Ukungcweliswa, ukuba balandele phansi kweNsika yoMlilo nokubuyisana kwewundlu lomhlatshelo ehlane. Bese-ke kuba ngukungena ezweni elalethenjisiwe.

38 Manje, yini izwe elethenjisiwe ekholweni leTestamente eliSha? Isethembiso nguMoya oNgcwele. "Ngokuba kuyakuthi ngezinsuku zokugcina," Joweli 2:28, "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi zaMi nezisebenzikazi zaMi Ngiyakuthulula okoMoya waMi, futhi bayakuprofetha. Ngiyakuveza izimangaliso emazulwini phezulu. Nasemhlabeni, izinsika zomlilo, nomusi, nokuthunqa." NoPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, emva kokuthatha itekisi lakhe nentshumayelo, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa," ukuthethelela, ukuxolelwa, ukususa zonke iziphambeko zasemuva.

39 Nike naqaphela, uJoshuwa, ngaphambi kokuba bawele iJordani, uJoshuwa wathi, "Hambani nidabule phakathi kwekamu nihlanze izingubo zenu nizingcwelise nonke, makungayi muntu kumkakhe, ngokuba ezinsukwini ezintathu nizobona iNkazimulo kaNkulunkulu." Niyabo? Kungu—kungukuqhubeka kokulungiselela ukudla ifa lesethembiso. Manje, isethembiso kuIsrayeli, sasingukuthi, uNkulunkulu wanika uAbrahama isethembiso sezwe, lasePalestine, futhi lalifanele libe yifa labo kuze kube phakade. Futhi babefanele njalo bahlale kulelizwe.

40 Manje, beza izigaba ezintathu, beza kulelizwe lesethembiso. Manje qaphela, kufanekiswe ngokuphelele eTestamenteni eliSha.

41 Manje lokhu, njengoba ngishilo, akuvumelani nokunye ukucabanga kwenu. Abanye benu bantu bamaNazaretha abathandeka kakhulu, Church of God, nokunjalo, kunganilimazi, kodwa nje kuqaphelisiseni futhi niqaphele imifanekiso. Qaphela ubone ukuthi yonke indawo ayishayi yini emhlolweni ngqo.

42 Kwakukhona izigaba ezintathu zohambo, futhi kukhona izigaba ezintathu zaloluhambo. Ngokuba, silungisiswa ngokukholwa, sikholwa eNkosini uJesu Kristu, sishiya izwe laseGibhithe, siphume. Bese-ke singcweliswa ngomnikelo weGazi laKhe, sagezwa ezonweni zethu, saba yizihambi nabagogobeleyo, sizisho ukuba sifuna izwe, umuzi ozayo, kumbe isethembiso.

43 Wenzenjalo noIsrayeli ehlane, abagogobeleyo, bengenandawo yokuphumula, behamba ubusuku nobusuku, belandela iNsika yoMlilo, kodwa ekugcineni bafika ezweni lesethembiso lapho abazinza khona.

44 Lifika lapho-ke ikholwa. Lifika kuqala ekuqondeni ukuthi liyisoni; bese lehlukaniswa ngamanzi, isigezo samanzi, ngeGazi, futhi . . . kumbe isigezo samanzi ngeZwi, njalo, likholwa yiNkosi uJesu Kristu. Bese-ke, ngokulungisiswa ngokukholwa, liba ngumhlanganyeli, nokuthula noNkulunkulu, ngoKristu, libhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ukulishiya lingene ohambweni. Niyakuthola? Lingene ohambweni! Bese-ke liba ngogogobeleyo nesihambi. Lisohambweni lwalo oluqondephi? Isethembiso asenzayo uNkulunkulu.

45 UIsrayeli wayengakasemukeli isethembiso, kodwa babesohambweni lwabo. Futhi ngaphandle kokuvusa . . . Ngiyaninxusa qondani. Kulapho lapho wena, Nazaretha naboHambo oluNgcwele, nokunjalo, enawa khona. Ngoba, uIsrayeli, lapho befika endaweni yaseKadeshi-Barineya, ngenkathi izinhloli ziwela zase zithi, "Izwe likhulu." Kodwa ezinye zazo zabuya zase zithi, "Singeke silithathe, ngoba imizi ibiyelwe, nokunjalo." Kodwa uJoshuwa noKalebi basukuma bathi qekelele, base bethi, "Sinamandla amakhulu kabi ukulithatha!" Ngenxa yezinkulumo zabo ezase zivele ziqoshiwe zasayindwa, babekholwa yimisebenzi emibili yomusa, ukulungisiswa nokungcweliswa, futhi bengenakuqhubekela phambili. Futhi, lalelani, lesosizukulwane sonke sabhubha ehlane. Kodwa babili abawelela ezweni lesethembiso futhi babuya nobufakazi bokuthi kwakuyizwe elihle, "futhi saba namandla amakhulu kabi ukulithatha, ngoba kwakuyisethembiso sikaNkulunkulu." Kwathi-ke esikhundleni sokuba abantu baqhubeke, bemukele uMoya oNgcwele,

bakhulume ngezilimi, bemukele amandla kaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, izibonakaliso, izimanga, izimangaliso, babona ukuthi kwakuyobhidliza isiko labo lemfundiso. Futhi kwenzekani kukho? Babhubha ezweni! Kunjalo.

46 Kodwa abakholwayo, uJoshuwa noKalebi kukho konke okudingekayo, ababeqhubeka beya esethembisweni, baqhubeka bawela bangena ezweni, balithatha izwe, bazinza ezweni, njengefa. Futhi asilokothi sime ekulungisisweni, ekungcwelisweni. Masiqhubekele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Masingami ekukholweni yiNkosi uJesu, ngokubhaphathizwa. Masingami ngoba esihlanzile empilweni yesono. Kodwa manje siqhubekela phambili singene endaweni eyiyona yona, esethembisweni sombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngokuba uPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, "Ngokuba isethembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

47 Ngakho, i Efesu lapha isihlalisa njengoJoshuwa, ngokwendawo eyiyona yona. Niqaphelile, uJoshuwa, emva kokuwelela ezweni, futhi ethatha izwe, wase-ke ehlukanisa izwe. "Efrayimi *lapha*, noManase *lapha*, nalona *lapha*, Gadi *lapha*, Benjamini *lapha*." Wehlukanisa izwe.

48 Futhi qaphelani! O, lokhu nje kuvuthisa izinhliziyo zethu! Ngamunye walabomama bamaHeberu, bezala labobantwana, wayekhuluma ngayo impela indawo, esikwa, lapho ababeyobekwa khona ezweni lesethembiso. O, kuyisifundo esikhulu! Uma kuphela besingangena kukho ngokukuhlaziya, okungathatha amahora ngamahora. Ngolunye usuku uma sesiyilungisile indlu yethu yokukhonzela, ngithanda nje futhi ukuza ngithathe inyanga yonke kumbe ezimbili, ngihlale nje kukho ngqo. Qaphela lapho bona, ngamunye walabomama, lapho ememeza, "Efrayimi," lapho esikwa, ngokwendawo eyiyona yona embeka lapho izinyawo zakhe zazihlezi emafutheni. Lapho khona impela bonke ababekhona!

49 Futhi uJoshuwa, engakwazi lokhu, kodwa ngokuphefumulelwa, eholwa nguMoya oNgcwele, emva kokuba sezweni lesethembiso, wanika umuntu ngamunye isethembiso sakhe, khona impela uMoya oNgcwele owakwethembisa ngokuzala emuva lapho.

50 Ukuthi uNkulunkulu umise kanjani abanye ebandleni, ngokusikwa kwabo! O, bathola okukhulu kakhulu ngezinye izikhathi. Lapho ibandla libubula phansi kokuzingelwa yizwe elingaphandle, bekholwa yiNkosi uJesu, ukuthi isethembiso sikaMoya oNgcwele sisefana nse kithi njengoba sasinjalo ePentekoste, ukuthi babubula kanjani futhi bekhala besikwa! Kodwa uma bezalwa, futhi bezalwa ngokwendawo eyiyona

yona eMbusweni kaNkulunkulu, khona-ke uMoya oNgcwele umisile ebandleni, abanye abaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abafundisi, abanye abelusi, abanye abavangeli. Ngakho Unike phakathi lapho, ukukhuluma ngezilimi, ukuchazwa kwezilimi, ukwazi, ukuhlakanipha, iziphiwo zokuphulukisa, zonke izinhlobo zezimangaliso.

51 Lapho ibandla elikhona . . . Manje lena yinhloso yami yokwenza lokhu. Ibandla lihlala njalo lizama ukuthatha ikhona lomunye umuntu. Kodwa ungakwenzi lokho. Ungeke uze ulime okusanhlamvu ekhoneni lika Efrayimi, uma unguManase. Ufanele uthathe indawo yakho kuKristu, uyithathe ngokwendawo eyiyona yona. O, kuyajula futhi kucebe uma singena lapha, ukuthi uNkulunkulu umbeka kanjani ebandleni ukuba akhulume ngezilimi, omunye . . . Manje, besifundiswa izikhathi eziningi, "sonke sifanele sikhulume ngezilimi." Lokho yiphutha. "Sonke sifanele sikwenze." Qhabo, asifanele. Bonke abazange benze into eyodwa. Ngamunye waye . . .

52 Ngamunye, izwe lalihlinzekiwe lase lehlukaniswa ngokuphefumulelwa. Futhi, ngamunye, ngingathatha imiBhalo nginikhombise khona impela, ukuthi wababeka endaweni lapho ababefanele ukuba khona, ngokwendawo eyiyona yona, ukuthi zaba kanjani izizwe ezimbili eziyingxenye zazizohlala ngaphesheya komfula, ukuthi onina bakhala kanjani ukuthi ekuzalweni kwabo, nokuthi indawo ngayinye yayifanele ukuba njani.

53 Futhi manje emva kokuba usungene, lokho akusho ukuthi uphumile usukhululekile empini. Usafanele ulwele yonke iyintshi yomhlabathi oma kuwo. Ngakho, niyabo, iKhanani lalingamele lona iZulu elikhulu, ngoba yimpi nezinkathazo nokubulala nokulwa, nokunjalo. Kodwa lalimele lokhu, ukuthi kufanele kube ukuhamba okuphelele.

54 Kulapho la ibandla lehluleka khona namuhla, kulokho kuhamba. Uyazi ukuthi ngisho ukuziphatha kwakho qho kungamuwisa omunye umuntu angaphulukiswa? Ukungaziphathi kahle kwakho, kwezono ezingavunyiwe zenu makholwa, kungabangela lelibandla ukuba lehluleke kabuhlungu. Futhi ngoSuku lokwaHlulela uyoba necala lakho konke nokuncane okwakho. O, wena uthi, "Manje, awume kancane, Mfowethu Branham." Kuhle, lokho liQiniso. Awucabange ngakho!

55 UJoshuwa, emva kokuba esewelele ezweni, uNkulunkulu wamnikeza isethembiso sokuthi . . . Cabanga nje, ukulwa impi yonke ngaphandle kokulahlekelwa-muntu, ngaphandle kokuthola ngisho umyocu, ngaphandle kokuba nomhlengikazi, kumbe usizo lokuqala kumbe isibopho. Ameni. UNkulunkulu wathi, "Izwe lingelenu, hambani nilwe." Cabanga, ngokulwa

impi, futhi akukho siPhambano esiBomvu macala onke nhlobo, akukho muntu ozolimala!

56 Futhi babulala amaAmori namaHeti, kodwa akabangabikho oyedwa owalimala phakathi kwanoma yimuphi owakubo kwaze kwangena isono ekamu. Futhi ngenkathi uAkani ethatha leyongubo yaseBabiloni nalesosigaxa segolide, wayesekufihla ngaphansi kwekamu lakhe, kwase kuthi-ke ngosuku olulandelayo balahlekelwa ngamadoda ayishumi nesithupha. UJoshuwa wathi, “Yimani! Yimani! Ake nime kancane, kukhona okuliphutha! Kukhona okuliphutha lapha. Sizomemezela ukuzila kwezinsuku eziyisikhombisa. UNkulunkulu wasenzela isethembiso, ‘Akukho okuyosilimaza.’ Izitha zethu ziyowa ezinyaweni zethu. Futhi kukhona okuliphutha lapha. Kukhona okungahambanga kahle ndawo ndawo, ngoba sinamadoda ayishumi nesithupha afile alele lapha. Angabafowethu abangamaIsrayeli, futhi afile.”

57 Afelani, amadoda angenacala? Ngoba umuntu oyedwa waphuma emgqeni. Niyasibona isizathu sokuthi lokhu kudingeke ukufundiswa? Ibandla limi emgqeni, limi emgqeni neZwi likaNkulunkulu, limi emgqeni noNkulunkulu futhi limi emgqeni ngokubambana, lihamba ngokuphelele phaqa, ngesizotha, phambi komuntu wonke, lesaba uNkulunkulu. Ngoba umuntu oyedwa weba ingubo, futhi wenza into ayengafanele ukuthi ayenze, wathatha impilo yamadoda ayishumi nesithupha! Ngicabanga ukuthi kwakulishumi nesithupha, mhlawumbe ngaphezulu. Ngikholwa wukuthi kwakungamadoda ayishumi nesithupha ayefile.

58 UJoshuwa wamemeza, wathi, “Kukhona okuliphutha! UNKulunkulu wenza isethembiso, futhi kukhona okuliphutha.”

59 Nxa siletha abagulayo phambi kwethu, futhi behluleke ukuphulukiswa, sidinga ukumemezela ukuzila okunzima, sibize ibandla. Kukhona okuliphutha ndawo ndawo. UNkulunkulu wenza isethembiso, uNkulunkulu ufanele anamathele kulesosethembiso, futhi Uzokwenza.

60 Futhi wamemezela ukuzila. Futhi bathola ukuthi, benza izinkatho. Futhi uAkani wakuvuma. Futhi babulala umndeni kaAkani nabo bonke, futhi bashisa imilotha yabo, futhi bawushiya lapho ube yisikhumbuzo. NoJoshuwa wahamba waqonda edabula ezimpini, ethatha konke, ngaphandle komyocu kumbe ingozi. Nakho lapho ukhona.

61 Ngelinye ilanga wayenesidingo, isikhathi esincane, isikhathi esengeziwe. Ilanga lase liyoshona, amadoda ayengakwazi ukulwa kahle hle ngesikhathi sasebusuku. UJoshuwa, leloqhawe elikhulu, ligcotshwe nguNkulunkulu, ngokwendawo eyiyona yona libekwe ezweni, njengabase Efesu eBandleni elisha, linqoba, lingelinqobayo, linqoba izwe, lilithatha. Wayedinga

isikhathi esithize, ngakho wathi, "Langa, yima!" Futhi lama cishe amahora alishumi nambili, waze walithatha izwe. Niyabo?

62 Manje iNcwadi yabase Efesu yasibeka ngokwendawo eyiyona yona kuKristu, lokho ababeyikho eZweni eliNgcwele. Asibekwa eZweni eliNgcwele, kodwa kuMoya oNgcwele! Manje ake sifunde iZwi nje, sibone ukuthi ibandla liphelele kanjani.

> *UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, . . .*

63 O, ngiyakuthanda lokho! UNkulunkulu wamenza umphostoli. Akukho malunga ambeka izandla, akukho babhishobhi abamthumela noma yikuphi, kodwa uNkulunkulu wambiza wamenza umphostoli.

> *UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele* (abangcwelisiwe) *abase-Efesu, nakubo abakholwayo ngu*Jesu Kristu:

64 Qaphela ukuthi ukwethula kanjani lokhu. Lokhu akubhekisiwe kwabangakholwayo. Lokhu kuqondiswe ebandleni. Kubizwe kwababizwe baphume, abangcwelisiwe nababiziweyo abakuKristu Jesu.

65 Manje, uma ufuna ukwazi ukuthi singena kanjani kuKristu Jesu, uma nizovula I KwabaseKorinte 12, kwathi, "Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye." Kanjani? Sabhaphathizwa ngani? UMoya oNgcwele. Akusikho ngombhaphathizo wamanzi, nina bantu beChurch of Christ, kodwa ngamunye omkhulu M-o-y-a, ngaMoya munye. Hhayi ngokuxhawulana kunye, ngencwadi yinye, hhayi ngokufafaza kunye. Kodwa ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye, ifa lethu, izwe uNkulunkulu asinika ukuba sihlale kulo, uMoya oNgcwele. Njengoba nje Enika iKhanani kumaJuda, Usipha uMoya oNgcwele. NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye. Niyakuthola?

66 Manje, ukhuluma kumaKhanani okomoya, uIsrayeli, uIsrayeli ongowokomoya onqobe izwe. O, anijabuli ukuthi niphumile kugaliga waseGibhithe? Anijabuli ukuthi ningaphandle kwehlane? Futhi, khumbulani, babedla imana, ukudla kweziNgelosi okuvela eZulwini, baze bawelela ngaphesheya bangena ezweni. Futhi nxa sebewelele ngaphesheya bangena ezweni, imana lanqamuka ukuwa. Base bevuthwe ngokugcwele ngaleyonkathi, futhi badla okudala okusanhlamvu kwezwe. Manje, manje njengoba ningaseyizo izingane, manje njengoba ningasalangazeleli ubisi lweVangeli, njengoba ningasadingi ukuba nibe yizingane, futhi nimbambathwa, futhi nigqogqwa ukuba nize enkonzweni, manje njengoba seningamaKristu avuthwe ngokugcwele ngempela, senilungele ukudla ukudla okuqinileyo manje. Senilungele ukungena kokuthize, washo. Senilungele ukuqonda

okuthize okujulile futhi okucebile. O, sizongena kukho emva kwesikhashana. Futhi, o, bekulokhu kufihliwe kusukela ekusekelweni kwezwe. Wathi, "Manje njengoba senifikile kulokhu, nginethulela lokhu." Hhayi kulabo abashiye eGibhithe kuphela, hhayi kulabo abasesohambweni, kodwa kulabo abasezweni lesethembiso, asebemukele isethembiso.

67 Bangaki asebemukele isethembiso sikaMoya oNgcwele? O, anijabuli ukuthi nisezweni ngapha manje, nidla okusanhlamvu okudala, nidla izinto eziqinile zikaNkulunkulu futhi ninokuqonda okucacile. U—umqondo wenu wokomoya wonke awudungekile. Nimazi kahle kamhlophe ukuthi Ungubani. Nazi kahle kamhlophe ukuthi Uyini. Nazi kahle kamhlophe ukuthi niyaphi. Nazi kahle kamhlophe konke ngaWo. Niyamazi enikholwe nguYe futhi niqinisekile ukuthi Uyakwazi ukukugcina lokho enikubeke kuYe okubhekene nosuku. O, yilowo, yilowo uPawulu akhuluma naye manje. Lalelisisani. Manje qaphelani.

. . .*abakholwa nguKristu Jesu*:

68 Manje, ake ngithi ibandla alikuphinde lokho. Singena kanjani kuKristu? Ngokujoyina isonto? Qhabo. Ngokubhala igama lethu encwadini? Qhabo. Ngokubhaphathizwa ngokucwiliswa? Qhabo. Singena kanjani kuKristu? NgaMoya munye oNgcwele thina sonke sabhaphathizwa sibe yisethembiso sinye, uMzimba, futhi singabahlanganyeli bakho konke lokho okungokwezwe. Ameni! O, ngi—ngiyakuthanda lokho. Ukuba bengingashile izwi, bengingamemeza. Wo, uma ngingena kulelizwe, lingelami. Sengisekhaya manje; ngiseKhanani. Ngingaphansi kwanoma yini uNkulunkulu afuna ukungisebenzisela yona. Ngihamba emihlabathini engcwele, umntwana weNkosi, ogqoke konke futhi elungele. Sengiphumile eGibhithe, ngenyuka ngadabula ezweni lesethembiso, ngamela izivivinyo, ngedlula ngawela iJordani ngangena kulesisethembiso esibusisiweyo. O, ngakuthola kanjani? NgaMoya munye. Indlela efanayo uPawulu aWuthola ngayo, wasebenza phezu kwami ngendlela efanayo Owenza ngayo phezu kwakhe, indlela efanayo Owenza ngayo phezu kwakho. NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa. Asifafazwanga, ukufafaza okuncane nje kwaWo, kuzwakale kukuhle impela; kodwa ucwiliswe ube ngaphansi! Bonke benziwe ukuba babhukude ngaphansi, eMoyeni oNgcwele. Yileso isethembiso.

69 Abase Efesu bethu, uJoshuwa wethu, onguMoya oNgcwele, *Joshuwa* kuchaza ukuthi "Jesu, Msindisi." Joshuwa okuchaza uMoya oNgcwele ukumele kokomoya njengoba lokho kwakukokwemvelo, ukuthi UliQhawe lethu elikhulu. UnguMholi wethu omkhulu. NjengoNkulunkulu wayenjalo noJoshuwa, unjalo noNkulunkulu (eMoyeni oNgcwele) usinyakazisa. Futhi nxa isono singena ekamu, uMoya oNgcwele

ufuna ukuba kumiwe, "Yini eliphutha lapha kulelibandla? Kukhona okuliphutha." O, aniboni ukuthi siwathola kanjani amadodana amaningi kakhulu kaKishi manje? Baningi kakhulu oSawule abavela emakholiji nezikole zezenkolo futhi bephuma futhi befundisa lokhu izinto eziphendukezelwe, njengoba iBhayibheli lathi bayokwenza, ngokungathithi, bengenakho ukuKholwa, bezahlukanisa nani, bengenanhlanganyelo nani, nokunjalo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha aMandla akho bewaphika, labo-ke wobagwema." Abazi ukuthi bavelaphi, abakwazi ukunikeza isizathu.

70 Ngisho lokhu okuvela kuMfowethu Booth Clibborn, umngane wami, uma kukhona noma yini eyi ill-. . . okulivezandlebe okungadalwanga ngunkulunkulu, noma yini ezweni, ngumnyuzi. Umnyuzi uphansi kunazo zonke izinto. Ungu. . .a—awazi ukuthi uyini. Awukwazi ukuphinda uzizale. Umnyuzi ungeke ukhweliswe komunye umnyuzi bese uba ngumnyuzi. Uphelile. Awazi ukuthi uyise uvelaphi, futhi awumazi ngisho unina, ngoba ungencane—imbongolo encane nehhashi lensikazi. UNkulunkulu akazange akwenze lokho. Ungayibeki into enjalo kuNkulunkulu. UNkulunkulu kazange akwenze lokho. UNkulunkulu wathi, "Konke kuyoveza inhlobo yakho." Yebo, mnumzane. Kodwa umnyuzi uyi—yi. . .uyise wayeyimbongolo nonina wayeyihhashi lensikazi, ngakho awazi ukuthi ungowaphi. U—u—uyihhashi uzama ukuba ngumnyuzi, kumbe umnyuzi. . .kumbe uyihhashi uzama ukuba yimbongolo, imbongolo izama ukuba yihhashi. Awazi ukuthi ungowaphi. Futhi uyinto enekhanda elilukhuni ukwedlula konke okukhona ezweni. Ungeze wabeka nelincanyana ithemba kuwo.

71 Futhi yileyondlela iningi labantu eliyiyo ebandleni. Abazi ukuthi uyise wabo ngubani, abazi ukuthi unina wabo ngubani. Into kuphela abayaziyo, bayiPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, kumbe abePentekoste, kumbe okuthize. Abazi ukuthi bavelaphi. Futhi imbongolo endala, ungayimemeza ngamandla akho onke ofuna ukuyimemeza ngawo, futhi iyoma lapho imise lawomadlebe ayo amakhulu, ibuke. Ungazishumayeza ubusuku bonke, futhi azazi nolunci kakhulu ngenkathi zisuka zihamba kunalokho ezikwenzile ngenkathi zingena. Manje, kunjalo nje. Angiqondile ukuba luhlaza, kodwa ngifuna ukunitshela iQiniso.

72 Kodwa kunye ezingakwenza, ziyizisebenzi ezikahle. O, ziyasebenza nje, zisebenze, zisebenze, zisebenze. Lokho kungibeka emqondweni wesixuku salama Arminiya azama njalo ukusebenza indlela yawo yokungena eZulwini. Kunjalo, umnyuzi. O, iNhlangano yoSizo lwabesiFazane, nesapha lenkukhu, kube yinkokhelo, umshumayeli. "Futhi sifanele sibe nalomdanso, nalokhu ukuhlalisana kwabantu." Kungukusebenza nje, ukusebenza, ukusebenza, ukusebenza, ukusebenza, ukusebenza, ukusebenza. Futhi, bona, basebenzela ini?

73 Babuze, "Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

74 Bamisa amadlebe abo, futhi abazi ukuthi bangabakuphi, "Uchaza ukuthini? Kwakukuphi konke *lokhu*? Uchaza ukuthini, uMoya oNgcwele? Angikaze ngizwe lutho ngaWo. O, kusho ukuthi uluhlotshana oluthize lohlanya." Niyabo, abazi ukuthi ubaba wayengubani, kumbe umama wayengubani, naye. Futhi ubashaya kukho konke okwenzayo, ushaye *lapha* futhi ushaye *lapho*, futhi ushaye *lapha* futhi ushaye *lapho*. Kunjalo, umnyuzi omdala.

75 Kodwa, ngiyakutshela, awudingi ukwenza lokho ngehhashi lohlobo lwangempela. Ake uqhumise isiswebhu phezu kwalo nje kanye, futhi mfowethu, selihambile. Liyazi ukuthi lenzani. O, kuhle kanjani ukugibela elohlobo! Kumnandi kanjani ukuthi, "Woza, mfana." O, ndoda, ufanele ubambelele uthi nqi, liyoshiya isihlalo emoyeni.

76 Kungaleyondlela ngamaKristu ohlobo lwangempela. Haleluya! "Yemukelani uMoya oNgcwele. Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu." Sebehambile, ngokukhulu ukushesha bangene emanzini, sebehambile. Ngeke baphumula imini nobusuku baze bemukele uMoya oNgcwele. Ngani? Niyazi, umKristu uyazi ukuthi uYise kwakungubani. Niyabo, kuthatha ababili ukwenza ukuzala. Kunjalo, ubaba nomama. Umnyuzi awazi ukuthi kwakunguyena muphi ubaba, kumbe kwakunguyena muphi umama. Kodwa siyazi ukuthi kwakunguBani uBaba noMama, ngoba sazalwa yiZwi likaNkulunkulu elilotshiwe, laqiniswa nguMoya. UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, "Uma uzophenduka futhi ubhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele."

77 Futhi, mfowethu, umKristu wangempela ozelwe kabusha, (o, he) umoya wakhe, unjalo, uthi angathola iZwi, wemukela uMoya oNgcwele. Mbuze okuthize-ke! Uyazi ukuthi umi kuphi. "Uyakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu?" "Ameni!" "Uyakholelwa ekuBuyeni kwesiBili?" "Ameni!"

78 Buza umnyuzi lokho. Inkolo yomnyuzi, "A, angazi. UDokotela Jones wake washo ngesinye isikhathi . . ." Hhe! Lapho, qhubeka ulandele uSawule. Niyabo? "O, abazi. Kuhle, ngiyakutshela, ibandla lami alinasiqiniseko ngaWo."

79 O, mfowethu, kodwa owesilisa nowesifazane ozelwe ngokusha uqiniseke ngempela ngempela ngokufika kweNkosi uJesu, baqiniseke ngempela ngempela ukuthi banawo uMoya oNgcwele njengoba ukhona uMoya oNgcwele ofanele uphiwe.

80 Manje, uJesu wathi . . . Owesifazane emthonjeni, "Sikhuleka kulentaba, namaJuda akhuleka eJerusalema."

81 Wathi, "Sifazane, yizwa amaZwi aMi! Ihora liyeza, nakalokhu selikhona, lapho uBaba efuna khona labo abazoMkhonza ngoMoya neQiniso."

82 IZwi laKho liyiQiniso. Futhi wonke umuntu oyofunda iBhayibheli futhi akholwe yilolonke iZwi elishiwo yiBhayibheli, futhi alandele iziyalo zaLo, bese bemukela uMoya oNgcwele ofanayo nabawemukelayo, ngendlela efanayo abaWemukela ngayo, imiphumela efanayo abayemukela ngaWo, amandla afanayo abawatholayo ngenkathi beWamukela, uyazi ukuthi kwakungubani uYise noNina. Uyazi ukuthi ugezwe eGazini likaJesu Kristu, wazalwa ngoMoya, wagcwaliswa ngokugcoba kukaNkulunkulu. Uyazi ukuthi umi kuphi. Impela! UseKhanani. Uyazi ukuthi uvelaphi. Kungaleyondlela kumKristu wangempela. Mbuze, "Umamukele uMoya oNgcwele lokhu wakholwayo?" "Ameni, mfowethu!"

83 Kumi ngelinye ilanga ngakongcwele omdala, onamashumi ayisishiyagalolunye-nambili eminyaka ubudala, ekhuluma nomfundisi wakhe onamashumi ayisishiyagalombili eminyaka ubudala, ngathi, "Gogo?"

Owesifazane ekhaliphe ngempela ngempela, wathi, "Yebo, ndodana yami."

84 Ngathi, "Sekunesikhathi esingakanani lokhu wemukela uMoya oNgcwele?"

Wathi, "Udumo kuNkulunkulu! Cishe emashumini ayisithupha eminyaka edlule ngaWuthola."

85 Manje, ukuba ubengumnyuzi, ubeyothi, "Manje, awume kancane, ngaqiniswa ngafafazwa ngenkathi ngi . . . Kuhle, impela, futhi bangithatha bangiyisa esontweni futhi ngathatha incwadi yami ngayedlulisela ku*sobanibani*." O, bakithi! Abazi ngisho ukuthi bangabakuphi.

86 Kodwa yena uyazi ukuthi ubuzibulo bakhe buvelaphi. Wayelapho ngenkathi kwenzeka. Wazalwa ngamanzi nangoMoya. Wazi, namanzi ngesigezo samanzi ngeZwi, kuthatha iZwi.

87 Manje qaphelani ukuthi lokhu kwethulwa kanjani, "Kulabo abakuKristu Jesu." UPawulu, manje, khumbulani . . . Ngithatha isikhathi eside, kodwa angizukusiqeda lesisahluko. Kodwa ngizosheshisa . . . Niyakuthanda? O, Kusitshela ukuthi sikuphi, kodwa singeke sikwenze nje ngobusuku obubodwa. Sidinga inyanga kumbe ezimbili zalokhu, njalo ebusuku, sedlula kuKho nje, iZwi ngeZwi. Sibuyela emuva futhi sikukhuphulele emilandwini futhi sikweneke, iZwi ngeZwi, futhi nginikhombise ukuthi KuliQiniso. Manje ake ngifunde lelovesi masinya futhi.

> *UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu* (akusiyo intando yomuntu), *kubo*

*abangcwele abase-Efesu, na* (isihlanganiso) *kubo abakholwa nguKristu Jesu*:

88 Kuchaza ukuthi, "Babiziwe baphuma, behlukaniswa, futhi manje babhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, futhi bakuKristu Jesu. Ngethula lencwadi kini, bathandekayo bami." O! Ngicabanga ngoPawulu laphaya kanye nabo njengamanje, o, bajabula kanjani! Lowomphostoli omdala omncane wanqunywa ikhanda lakhe ezansi lapho. Ngama ngasendaweni lapho abanquma khona ikhanda lakhe. Kodwa, o, ikhanda lakhe likhona kulowomzimba omusha, futhi ngeke liphinde linqunywe futhi. Futhi umi laphaya kanye nabo ngawo lomzuzu, yena lowomphostoli owaloba Lokhu. Futhi wathi, "Kinina enikuKristu Jesu! NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibelo-Mzimba munye." Manje Qaphela.

*Makube-kini umusa, nokuthula, okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, na*. . .*Nkosini uJesu Kristu*.

*Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile* nge. . .*zonke* (O, uyakuzwa lokho, Charlie?) . . .*osibusisile ngezibusiso zonke zokomoya*. . .

89 Akusikho nje ukuthi abanye kubaphostoli, nabanye ku*lokhu*, kodwa Usibusisile ngezibusiso zonke zokomoya. UMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePentekoste unguMoya oNgcwele ofanayo lapha kulobubusuku. UMoya oNgcwele ofanayo owenza uMariya amemeze futhi akhulume ngezilimi, futhi abe nesikhathi esimangalisayo futhi athokoze, nezinto azenzayo, unguMoya oNgcwele ofanayo lapha kulobubusuku. UMoya oNgcwele ofanayo owavumela uPawulu abe kulowomkhumbi omdala, lapha owawubukeka sengathi wawusugcwele amanzi futhi usuhambile, izinsuku ezilishumi nane nobusuku, kungekho-nyanga kumbe izinkanyezi. Wabuka phandle lapho futhi igagasi negagasi lalinodeveli kulo, ejeqeza futhi ebenyezelisa amazinyo akhe, futhi wathi, "Ngizocwilisa wena, mfana omdala, manje. Ngikutholile manje."

90 Futhi lapho uPawulu ehlela ezansi ukuba abe nomkhuleko omncane, nakho kumi iNgelosi, yathi, "Ungesabi, Pawulu. Lomkhumbi omdala uzokwephukela phezu kwesiqhingi esithize. Qhubeka futhi udle ukudla kwakho kwakusihlwa, sekulunge konke manje."

91 Nangu eza nalawomaketango ezingalweni zakhe ezindala ezincane, ewahudula ezinyaweni zakhe, wayesethi, "Yimani isibindi, madoda, ngoba uNkulunkulu, iNgelosi kaNkulunkulu, engiyinceku yakhe, yama ngakimi yayisithi, 'Pawulu, ungesabi.'" LowoMoya oNgcwele ofanayo ulapha kulobubusuku, uMoya kaNkulunkulu ofanayo, usikhonza ngezibusiso zokomoya ezifanayo.

*. . .osibusisile ezulwini. . .ngezibusiso zonke zokomoya.*

92 O, ake sithi ukuma omunye futhi umzuzu lapha. "Ezindaweni zasezulwini." Manje, akusikho nje phandle noma yikuphi, kodwa ezindaweni zasezulwini. Sibuthanele ko "kwasezulwini," kuchaza ukuthi indawo yekholwa. Ukuthi, uma ngikhulekile, nawe ukhulekile, kumbe ibandla likhulekile, futhi silungele uMlayezo, futhi sibuthene thina ndawonye njengabangcwele, ababizelwe ngaphandle, sabhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, sagcwaliswa ngezibusiso zikaNkulunkulu, sabizwa, sakhethwa, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini manje, singabaseZulwini emiphefumulweni yethu. Imimoya yethu isilethe yasingenisa esimweni saseZulwini. O, mfowethu! Nakho lapho okhona, isimo saseZulwini! O, bekungenzekani kulobubusuku, bekungenzekani kulobubusuku ukuba besihleli lapha esimweni saseZulwini, futhi uMoya oNgcwele uhamba phezu kwenhliziyo yonke ezelwe kabusha futhi yaba yisidalwa esisha kuKristu Jesu? Zonke izono zingaphansi kweGazi, ekuhlanganyeleni okupheleleyo, nezandla zethu ziphakeme zibheke kuNkulunkulu nezinhliziyo zethu ziphakeme, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sikhonza ndawonye ezindaweni zaseZulwini.

93 Sewake wahlala kweyodwa? O, ngake ngahlala ngaze ngakhala ngenxa yokujabula ngase ngithi, "Nkulunkulu, ungangivumeli ngisuke lapha." Izindawo zaseZulwini nje kuKristu Jesu!

94 Esibusisa ngani? Ukuphulukisa kukaNkulunkulu, ukwazi ngaphambili, isambulo, imibono, amandla, izilimi, ukuhumusha, ukuhlakanipha, ukwazi, zonke izibusiso zaseZulwini, nentokozo engakhulumekiyo negcwele iNkazimulo, yonke inhliziyo igcwaliswe ngoMoya, sihamba ndawonye, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, kungekho nowodwa umcabango omubi phakathi kwethu, kungekho nowodwa usikilidi obhenywayo, kungekho neyodwa ingubo emfishane, kungekho nokukodwa *lokhu*, *lokho* noma *okunye*, kungekho nowodwa umcabango omubi, kungekho-muntu onotho nomunye, wonke umuntu ekhuluma ngothando nangokuzwana, wonke umuntu enhliziyo-nye endaweni eyodwa, "kwase kuthi ngokungazelelwe kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla." Nakho lapho ukhona, "Usibusisile ngezibusiso zonke zokomoya."

95 Khona-ke uMoya oNgcwele ungahle wehlele kothile, bese uthi, "ISHO KANJE INKOSI. Hamba uye endaweni ethize wenze into ethize." Kuqaphele kwenzeka kanjalo nje. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kathathu—Umhl.] Niyabo? "ISHO KANJE INKOSI. Yenza into ethize endaweni ethize." Kuqaphele kwenzeka kanjalo. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kabili.]

96 "Usibusise ndawonye kuzo zonke izibusiso zaseZulwini ezindaweni zaseZulwini." Qaphela!

*Njengalokhu asikhethela . . .*

97 Ngabe saMkhetha, noma Wasikhetha? Wasikhetha. Nini? Ngobusuku esaMemukela ngabo? Sikhethiwe!

> *Njengalokhu asikhethela kuye ngaphambi* kwezisekelo ze*zwe, ukuba sibe ngcwele . . . ngabi nacala phambi kwakhe e . . .* (emahlelweni?) *. . . ekuthandeni*:

98 Wasikhetha nini uNkulunkulu? Wakukhetha nini uNkulunkulu wena onoMoya oNgcwele? Wakukhetha nini? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe. [Akuqoshwanga—Umhl.] . . . Wakukhetha. Futhi wathuma uJesu ukuze abe yinhlawulo yezono zenu, ukuba akubizele ekubuyisaneni, kuYe, othandweni. O, ngifisa sengathi besinesinye isikhathi semizuzu embalwa.

99 Ake ngithi, ngaphambi kokuba size siqhubekele phambili, sibuyele emuva, uGenesisi 1:6. Ngizokucosha ngolwesiThathu. Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu . . . Engakamenzi umuntu, Wazibiza ngo "El," E-l, El; E-l-h, "Elah," "Elohim." Igama lichaza ukuthi, ngesiHeberu, "ukuba khona ngokwamandla akho," Yedwa qhwaba. Akukho okwakukhona ngaphambi kwaKhe, Wayeyibobonke ubukhona obake babakhona, Okhona ngokwamandla akhe! UEl, Elah, Elohim, kuchaza "okwanele konke, okunamandla konke, uSomandla, Ongokhona ngokwamandla akhe." O!

100 Kodwa kuGenesisi 2, ngenkathi Enza umuntu, Wathi, "Nginguye," Y-a-h-u, J-u-v-u-h, Jvhu, "Jehova." Kwakuchaza ukuthini? "Nginguye wonke Okhona ngokwamandla akhe Odale okuthize okuphuma kiMi uqobo, ukuba kube yindodana yaMi, kumbe okungokwesikhashana, kumbe okusekuncane, umntwana waMi." Udumo! Ngani? Wapha umuntu . . . Jehova kuchaza ukuthi Wapha umuntu ukuba abe ngunkulunkulu omncane. Ngoba UnguBaba, uNkulunkulu, futhi Wenza umuntu waba ngunkulunkulu omncane, ngakho Akasesuye okhona ngokwamandla akhe, Uhlala nomndeni waKhe. UElah, Elah, uElohim. Manje, manje UnguJehova. *Jehova*, okuchaza, ukuthi "Lowo Ongokhona enomndeni waKhe." Manje, uNkulunkulu wenza umuntu ukuba abuse phezu komhlaba wonke, wayenombuso. Nomhlaba wawungumbuso womuntu. Ngabe ngumBhalo lowo? Ngakho uma leyo kuyindawo yakhe ebuswayo, wayengunkulunkulu phezu komhlaba. Wayekhuluma, futhi kube-njalo. Wayekhuluma *lokhu*, futhi kube-njalo. Nango Yena, uNkulunkulu, uJehova, Lowo Owake waba khona ebukhoneni ngokwamandla akhe, kodwa manje ungokhona enomndeni waKhe, nabantwana baKhe bekanye naYe. Nakho lapho okhona.

101 Manje, kufunde lokho. Sizongena kukho ngolwesiThathu ebusuku, uma sesithole esinye isikhathi. Sicishe sibe neminye

imizuzu elishumi nanhlanu futhi sizo. . .Bengicabanga ukuthi ngizofinyelela endaweni ethize lapha, kodwa singeke, lapho khona esibekwe uphawu ngoMoya oNgcwele wesethembiso. Kulungile.

102 Manje, sabizwa nini ukuba sibe yizinceku zikaNkulunkulu? Wabizwa nini uOrville Neville ukuba abe yinceku kaNkulunkulu? O, he! Lokhu kuyangintantathekisa. Ngizonitshela, ake sithole eminye imiBhalo. Ngifuna nithole uPetru wokuQala 1:20. Futhi, Pat, thola iSambulo 17:8. Futhi mina ngizothola iSambulo 13. Manje sifuna ukulalela lapha, ufuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu wakubiza nini ukuba ube-ngumKristu. O, ngiyakuthanda lokhu. Lokhu ngukuthi, "Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Kulungile, Mfowethu Neville, usumtholile uPetru wokuQala 1:20. [UMfowethu Neville uthi, "1:20"—Umhl.] Ngakho, funda 1:19 no 1:20. Lalelani lokhu. ["1:19 ne 20."] Yebo. [UMfowethu Neville ufunda u Petru wokuQala 1:19-20—Umhl.]

> *Kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu, kungathi elewundlu elingenacala elingenabala:*
>
> *Owaziwa phakade izwe lingakasekelwa, kepha wabonakaliswa ngezikhathi zokugcina ngenxa yenu.*

103 Waziwa nini? Izwe lingakasekelwa. Mfowethu Pat, ngifundele iSambulo 17:8. [UMfowethu Pat ufunda iSambulo 17:8—Umhl.]:

> *Isilo owasibonayo sasikhona, asisekho; kepha sesizakwenyuka siphume kwalasha, siye ekubhujisweni: nabakhileyo emhlabeni bayakumangala, labo abamagama abo angalotshwanga encwadini yokuphila selokhu kwasekelwa izwe, nxa bebona isilo ukuthi sasikhona, kepha asisekho, kanti sizakuba-khona.*

104 Ubani ozodukiswa? Ubani ozodukiswa yilomuntu wenkolo njengoSawule wayenjalo? Lokho kwakungukuhlakanipha ngempela futhi kuphelele ngempela kwaze kwaba ngokudukisa ini? AbaKhe-. . .[Ibandla liyaphendula, "-thiweyo"—Umhl.] uma. . .["kunokwenzeka."] uma kunokwenzeka. Kulungile, iSambulo 13:8, ake nginifundele sona.

> *Bayo. . .bonke abakhileyo emhlabeni bayokhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo* ngaphambili *kwasekelwa umhlaba.*

105 Alotshwa nini amagama ethu eNcwadini yokuPhila yeWundlu? Ngenkathi iWundlu lihlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi uNkulunkulu enguJehova, uEl, Elah, Elohim, Okhona ngokwamandla akhe. NjengeDayimane nje elilodwa elikhulukazi, futhi Wayengebe ngenye into, kodwa ngaphakathi kwaleliDayimane izingxenye

zaKhe kwakunguMsindisi. Kulezizingxenye, kwingaphakathi laKhe, kwakunguMphulukisi. Yebo, kwakungekho lutho olokuba lusindiswe futhi kungekho lutho olokuba luphulukiswe, kodwa izingxenye zaKhe zakuveza. Ngakho, kwase kuthi-ke ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi Azi, ukuthi ukuvezwa obala okukhulu phakathi lapha okungokwaKhe, ukuthi Wayezoba nguMsindisi, ukuthi Wayezofika futhi abe yinyama akhe phakathi kwethu, futhi Wayazi ukuthi ngemivimbo yaKhe siyophulukiswa, Wahlaba iWundlu eNcwadini yaKhe ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi waloba igama lakho kuleyoNcwadi ngaphambi kokusekelwa kwezwe. O!

106 Lalelani loKhu! Ukumiselwa ngaphambili kubuka emuva ekwazini ngaphambili, ngiqonde ukhetho. Ukhetho lubuka emuva ekwazini ngaphambili, nokumiselwa ngaphambili kubuka kulokho umuntu adalelwe khona. Ningakukhohlwa lokho, ukuthi ukhetho lubuka emuva lapha, nakhu, "Ngangiwugudluthukela. Ngazalelwa esonweni, ngabunjwa ebubini, ngafika ezweni ngikhuluma amanga, ngazalwa phakathi kwezoni. Ubaba nomama nomndeni wami wonke jikelele, uyizoni. Ngangiwugudluthukela. Kodwa, khona manjalo, ngiba luhlamvu lukakolo futhi. Kwenzeka kanjani?" Lokho, kuyini lokho? Ukhetho. UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wakhetha ukuthi ugudluthukela wawuzoba luhlamvu lukakolo. "Manje ngiyazi ukuthi ngiluhlamvu lukakolo, ngoba ngisindisiwe. Ngikwenza kanjani?" Ngibuka emuva ngibone ukuthi Wakumisela ngaphambili, kudala. Ngokwazi ngaphambili Ubonile ukuthi ngiyoMthanda, ngakho Wenza inhlawulo ngeNdodana yaKhe uQobo, ukuthi ngaYo ngisuke ekubeni wugudluthukela ngibe wuhlamvu lukakolo. "Manje, ngikuphi manje?" Ngisindisiwe, ngihamba emseni kaNkulunkulu. "Ukumiselwa ngaphambili kubukani?" Kulokho umuntu adalelwe khona. "Uyongiyisa kuphi, futhi ngiyaphi?" Ameni. Kukutholile lokho. Nakho lapho okhona.

107 Manje ake sifunde nje sithi ukuqhubeka kancane, sizobe-ke sesivala masinya.

> *Njengalokhu asikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba sibe-ngcwele. . .ngabinakusolwa phambi kwakhe:*
>
> *Wasimisela ngaphambili*, wamisela ngaphambili *ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe*,

108 Wenzenjani? Yena, ngokwazi ngaphambili, wasibona ngaphambili, azi ukuthi WayenguMsindisi, ekhona ngamandla akhe. Kwakungekho-ziNgelosi, kungekho lutho; kunguNkulunkulu nje, uElah, Elohim, Ongokhona

ngokwamandla akhe, kungekho lutho kepha kunguYe yedwa. Kodwa kuYe kwakukhona uMsindisi. Yebo, yini Azoyisindisa, alukho olulahlekile nje? Ekwazi lokho, ngakho Wayazi ukuthi lengxenye enkulu kuYe yayizokhipha okuthize ngaphandle ngaleya Ayezokusindisa. Kwathi-ke lapho kwenza lokho, ngokwazi ngaphambili Wabuka phansi Wayesebona wonke oyoLemukela. Kwase kuthi-ke ngokwenza kanjalo, Wathi, "Ukusindisa lokho, indlela kuphela eNgingakwenza ngayo, iyoba ngukuba ngehle Mina qobo lwami futhi ngibe yinyama futhi ngithathe isono somuntu sibe phezu kwaKhe, ngimfele, ukuze ngibe nguYe okhonzwayo," ngoba UnguNkulunkulu, into ekhonzwayo.

109 Wayesehla-ke wakuthwala kuYe uqobo. Futhi ngenkathi Enza lokho, Wakwenza lokho ukuze Asindise wena ofuna ukusindiswa. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini? Ngokwazi ngaphambili, uNkulunkulu ongenasiphelo, Owayazi izinto zonke, wabona iWundlu, futhi walihlaba iWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi Waloba igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Futhi Ukubonile ukukhohlisa kukaSathane, ukuthi wayezokwenzani. Ngakho Waloba igama lakho lapho. Futhi Washo ukuthi umphikukristu uyoba ngokholwayo impela, alunge impela, umfo olunge ngempela, indoda ekhaliphile impela, indoda ekholwayo impela, ngangokuthi uyodukisa nabakhethiweyo uma kwakungenzeka. Kodwa kungokungenakwenzeka, ngoba amagama abo aziwa phambi kokusekelwa kwezwe. Ngokhetho Wabakhetha, futhi ngokumiselwa ngaphambili bayazi ukuthi bayaphi. Nakho lapho okhona.

110 Manje, ngubani owayengakungabaza lokho? Yilokho uPawulu akushoyo. Lowo ngumBhalo kaPawulu. Lokho ngukuloba kukaPawulu. Yilokho akufundisa ibandla lakhe. Ibandla, ngokwendawo okuyiyona yona, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi uNkulunkulu, ekusikweni kwaKhe, wayezala, ezala wena, azi ukuthi wena uyokwenzani, ngokwendawo eyiyona yona wakubeka eMzimbeni waKhe uQobo, ukuba ube yinkosikazi yomuzi, ukuba ube ngumlimi, ukuba ube ngumshumayeli, ukuba ube ngumprofethi, ukuba yi*lokhu* kumbe ukuba yi*lokho*. Wakubeka ngokwendawo eyiyona yona. Bese-ke uma sesiphumile emazweni kagaliga aseGibhithe, ngokungcweliswa, nokubhaphathizelwa ezweni lesethembiso . . . Ngokuba, isethembiso sikaNkulunkulu singuMoya oNgcwele. Abase Efesu 4:30, bathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu." Bese-ke uNkulunkulu, emisele ibandla ngaphambili, Wathi, "Futhi bonke abantu, kuyobakhona izigidi eziphindwe kazigidi eziyohamba ngenkolo impela futhi zidukiswe." Labo kuphela abangeke badukiswe kuyoba yilabo

abawelele ngapesheya bangena ezweni lesethembiso, labo ngaphambi kokusekelwa kwezwe babenamagama abo elotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, futhi bawela bangena ezweni lesethembiso, futhi balijabulela.

111 Abantu abaningi besaba ukuthi uzoziphathisa okohlanya. Abantu abaningi besaba ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenza wenze into o—ozoba namahloni abantu. Abantu abaningi besaba ukuthi bazokhala, nesithandwa sabo sizobabona bekhala, kumbe umama, kumbe umakhelwane wakho, kumbe ubasi wakho uzokubona.

112 Ake nginitshele ngendoda ngesinye isikhathi, ngaphambi kokuvala. Kwakukhona indoda ethiwa nguDavide, futhi ngenkathi umphongolo kaNkulunkulu wawukade usezansi ezweni lamaFilisti, futhi Uwela, udonswa ngumphongolo, inkabi endala yayiyidonsa, lapho uDavide ebona lowomphongolo uza, wayegqoke igawuni encane, wagijimela phandle lapho, wakhahlela ngezinyawo zakhe emoyeni, futhi wagxuma ezungeza, futhi eklabalasa futhi wagxuma, futhi wasina futhi wagxuma futhi wasina. Futhi, yena, inkosi yakwaIsrayeli! Futhi umkakhe walunguza phandle ngefasitela futhi wambona enza okungejwayelekile kabi, wamdelela. Ngani, mhlawumbe wathi, "Isiphukuphuku! Awumbheke phandle laphaya, indlela enza ngayo, ephonsa izinyawo zakhe phezulu emoyeni, futhi egxuma ezungeza futhi enza kanjalo. Ngani, ufanele ukuthi uyahlanya!" Futhi ngalobobusuku ngenkathi engena, wathi owesifazane, ngamazwi anje, "Yebo, ungiphoxile. Ngani, wena, inkosi, umkhenyana wami, uphandle lapho wenza kanjalo, uziphatha kanjalo!"

113 UDavide wathi, "Kusasa ngizokwenza okungcono kunalokho. Yebo, mnumzane!" Wathi, "Awazi ukuthi bengisinela iNkosi?" Wawelela ngapesheya! Wayesesezweni lesethembiso. Wayelahle konke ukuzazisa nophawu lwezwe. Wayejabule kakhulu ukwazi ukuthi umphongolo wawuzongena emzini wakhe qho.

114 Futhi, o, ngiyakutshela, abany'abantu bayesaba ukwemukela uMoya oNgcwele, besaba ukuthi bangahle bakhulume ngezilimi. Bayesaba ukuthi omuny'umuntu uzothi, "Manje, usengomunye walabobafo bey'limi." Bayesaba ukuza ebandleni babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ngoba banamahloni ngaLo. Hhe! O!

115 Omunye wathi kufanele ngiwabuyisele emuva lawomateyipu ami, ngoba ngangishumayele ngokubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Angiwabuyiseli emuva. Ngenza amaningi! Kunjalo, kulungile, ngenza amaningi! Lelo yiBhayibheli. Uma bengakuthandi esikwenze izolo, qaphela nje ukuthi sizokwenzani kusasa! Yileyonto edinga ukwenziwa, niyabo, qhubekani nje nihambe. Akukho siphelo kukho, ngoba kungokweNkosi. NguNkulunkulu.

116 Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani? UNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini, Wathi, "Davide, ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." UDavide wayengenamahloni. Wayeyinceku yeNkosi. Wayeyithanda iNkosi. Futhi wayejabule kakhulu, ejabule kakhulu ngokweqile, waze akangabe esacabanga ngesithunzi sobuntu.

117 Niyabo, njengoba ngishilo entshumayelweni yami namhlanje ekuseni, sesaba kakhulu kabi, ngangokuthi, sifuna uSawule ukuba asifundise, sifuna uSawule ovela ekholiji elithize ukuba asitshele ukuthi sifanele siyenze kanjani inkolo yethu nokuthi sifanele sikwenze kanjani. Lokho kungakwelinye icala leJordani. Lelicala, uMoya oNgcwele uyahola. Ngapha uphumile kuleyonkucunkucu. Ngapha awunandaba ukuthi bacabangani. Ngapha ufile, nokuphila kwakho kufihlwe kuKristu nge... futhi ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele. Awunandaba. Uhlala eKhanani. Ungakumela okusanhlamvu okuhle. Uyisidalwa esisha kuKristu Jesu. Ubheke ezweni lesethembiso.

118 Ngiyakhumbula ngimi ngaleya, Mfowethu Collins, eminyakeni ethi ayibe ngamashumi amathathu edlule, ngenkathi lendlu yokukhonzela ingakakhiwa. Kwakungumhlangano wethende elincane ngihlezi lapha ekhoneni, umhlangano wami wokuqala. Ngangishumayela leliVangeli elifanayo, into efanayo, ingcebo engaphenyekiyo kaKristu, umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu, ngikholwa ukuthi lonke iZwi liyiQiniso, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuphulukisa kukaNkulunkulu, amandla kaNkulunkulu, njengoba nje ngiLishumayela manje, angilokothanga ngehluka nangeyintshi elilodwa kunoma yikuphi kwaLo. UNkulunkulu wembule okuningi kwaLo kimi, ngakho, njengoba ELembula, ngilokhu nje ngiLiqhubela phambili. Akalokothi asuse kulokho obekuvele kukhona, Ube elokhu nje engeza okuningi kuLo.

119 Ngama ezansi lapho ngenkathi lapho abantu ababengamakhulu cishe amahlanu bama osebeni, becula, "Ngima ezingwini zeJordani ezinezivunguvungu, bese ngiphonsa iso elilangazelelayo, ezweni laseKhanani elihle nelijabulisayo, lapho amafa ami ekhona. Ngiyofika nini kulologu olunempilo ngibusiswe kuze kube nininini, ngiyofika nini ngibe kokukaBaba...ngiphumule kuze kube nininini?" Lapho beqala ukucula lokho, ngangithatha umfana ngimyisa emfuleni ukuba ngimbhaphathize phandle lapho eGameni leNkosi uJesu. Ngathi, "Baba waseZulwini, njengoba ngiletha lomfana kuWe phezu kokuvuma kwakhe..." Ngisengumfana nje, nami, nginaso isithombe sakho ekhaya. Ngathi, "Ngenkathi ngimbhaphathiza ngamanzi, Nkosi, phezu kokuvuma kwakhe, eGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, Wena mgcwalise ngoMoya oNgcwele." Futhi cishe ngalesosikhathi Okuthize kwadedela ukuvunguza, futhi nakhu Kuza kuvunguza

kwehlela phansi, iNkanyezi yoKusa eCwebezelayo yama lapho. Nakho kumi lokho kuKhanya enikubonayo khona laphaya esithombeni. Kwama lapho.

120 Kwazungeza izwe jikelele, le enhla eCanada nakumacala onke. Bathi, "UkuKhanya okuyinkinga kubonakala phezu komfundisi wendawo oyiBaptisti ngenkathi ebhaphathiza."

121 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi uDokotela Lamsa efika kimi, futhi engazi lutho nhlobo ngalokho, futhi wangilethela isithombe, umfowethu asiphetheyo lapho manje. Ngabe usiphethe lesosithombe? Ngabe uliphethe iBhayibheli, silapho, besisencwadini yakho? Kulungile. Kwakukhona isithombe esidala sasendulo samaHeberu sophawu lukaNkulunkulu, lona impela ncamashi lolo olwalukhona emihleni kaJobe, ngaphambi kokuba kuze kulotshwe ngisho iBhayibheli. UNkulunkulu ezingxenyeni zaKhe ezintathu, kungesibo onkulunkulu abathathu. UNkulunkulu oyedwa ezingxenyeni ezintathu. UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, izikhundla ezintathu uNkulunkulu asebenzela kuzo. Kungesibo onkulunkulu abathathu, izingxenye ezintathu! Futhi kwaKulapho. Ngenkathi leyondoda edumileyo, uDokotela Lamsa, ukuhunyushwa kweBhayibheli iLamsa, ngenkathi esho ngalokho kusa. Ngenkathi ngimtshela lokho, ngathi—ngathi, "Luyini lolophawu?"

122 Wathi, "Lolo luphawu lukaNkulunkulu lwasendulo, kumaHeberu. UNkulunkulu, uNkulunkulu oyedwa ezingxenyeni ezintathu."

Ngathi, "NjengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele?"

123 Wama, wayesebeka inkomishi yakhe yekhofi phansi, wangibuka. Gene, ngikholwa wukuthi wawukhona, Leo. Wathi, "Uyakukholwa lokho na?"

Ngathi, "Ngenhliziyo yami yonke."

124 Wathi, "Izolo ebusuku, ngimi emhlanganweni wakho, Mfowethu Branham, ngikubonile lokho-kwahlukanisa. Angikaze ngikubone ngaphambili eMelika, nasezweni lakithi." Wathi, "Lababantu abangamaMelika abazi ngisho iBhayibheli. Into kuphela abayaziyo yihlelo labo. Abazi ngisho ukuthi bami kuphi." Wathi, "Abazi lutho." Wathi, "Kodwa ngenkathi ngimi lapho izolo ebusuku," wathi, "Ngathi . . . " Manje, Mfowethu Gene, ngikusho lokhu nje ngokuzithoba nothando nokunjalo. Wathi, "Ngathi, 'Lowo ufanele ukuthi ungumprofethi.' Kodwa lapho ngibona ukuthi ukholwa wukuthi uYise, iNdodana noMoya oNgcwele kwakungesibo onkulunkulu abathathu, kwakuyizingxenye, khona sengiyazi ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu, kungenjalo bekungeke kwembulwe kuwe kanjalo." Wathi, "Lolo wuphawu oluphelele." Wathi, "Angikaze . . . " Wathi, "Awusuye okamunye?"

125 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Angisuye okamunye. Ngikholwa kuNkulunkulu enguNkulunkulu uSomandla, nezingxenye ezintathu ziyizikhundla ezintathu kuphela uNkulunkulu oyedwa ahlala kuzo."

126 Wathi, "Ayibusiswe inhliziyo yakho!" Wathi, "Ngelinye ilanga uyothulula igazi lakho emhlabathini ngenxa yalokho, kodwa," wathi, "abaprofethi njalo bafela ukwenza kwabo."

127 Futhi ngathi, "Ngakho makube njalo, uma kuthokozisa iNkosi yami." Ukuhunyushwa kweBhayibheli iLamsa.

128 O, kuliqiniso impela. Kukangaki, njengoba ngisho kulelibandla, njengoba uSamuweli asho ngaphambi kokuba bakhethe uSawule, "Ngaphambi kokuba uphume ujoyine ihlelo elithize manje, bese uzibopha ngqi ohlobweni oluthize lwenkolo, awumvumeli ngani uMoya oNgcwele akuhole?" Awuthathi ngani uNkulunkulu abe nguMholi wakho futhi uMvumele akubusise, futhi ukhohlwe yihlelo lakho. Manje, angisho ukuthi ungabi ngowanoma yiliphi ihlelo lebandla, yiba ngowanoma yiliphi olifunayo. Lokho kukuwena. Kodwa ngiyakutshela, njengomuntu ngayedwana, vumela uMoya oNgcwele akuhole. Funda iBhayibheli. Futhi lokho elithi iBhayibheli kwenze, kwenze. UNkulunkulu akubusise.

129 Futhi manje ngilinde isikhathi eside. Angazi noma ukhona yini lapha obefuna ukuza emgqeni womkhuleko ukuba akhulekelwe. Uma bekhona, bangaziphakamisa izandla zabo. Uyedwa nje, babili, bathathu. Kulungile. Nonke yenyukani niqonde lapha futhi nime lapha bese uma ufisa, ngalesisikhathi, futhi—futhi sizoba nomkhuleko. Bese-ke si . . . Angifuni ukuba nihambe okwamanje. Ngifuna ngokomthetho ukwenza okunye okuthize lapha ngaphambi nje kokuba si—sivale.

130 Bangaki abathanda isifundo seNcwadi yabaseGalathiya . . . o, ngiqonde abase Efesu? Manje, ngolwesiThathu ebusuku, sizoya oPhawini. Bese kuthi-ke ngeSonto elizayo ekuseni, sizongena ekubekeni ibandla ngokwendawo eyiyona yona. O, uma . . . Nje cishe sizongena kulokho, ngalolu ulwesiThathu oluzayo ebusuku, kinina bantu lapha eJeff. Ngokwendawo eyiyona yona sibeke ibandla lapho abangabakhona, ngamunye. Ukuthi sibizwa kanjani ngokwesimo sobuntwana. UNkulunkulu usinike isimo sobuntwana ekubeni ngamadodana, singamadodana ngokuzalwa. Sanikwa isimo sobuntwana sase sibekwa ngokwendawo eyiyona yona ngoMoya oNgcwele. Bukani! Bonke babengamaHeberu, ngenkathi bewela umfula, kodwa uJoshuwa walehlukanisa izwe futhi wanika ngamunye izwe lakhe ngokusho kukanina ezala, lapho uMoya oNgcwele amtshela khona.

131 Buka uJakobe ngenkathi efa, umprofethi, esephuphuthekile, wahoshekela embhedeni ngezinyawo zakhe, wathi, "Phumani nina madodana kaJakobe futhi ngizonitshela ukuthi niyoba

kuphi ngosuku lokugcina." Udumo! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] O, ngiyazi ngingabonakala ngiyisimanga. Abantu bangabonakala beyisimanga. Kodwa, o, ukuba nje bewazi i—isiqiniseko, u—ukuvutha enhliziyweni! "Phumani futhi ngizonitshela ukuthi niyoba kuphi ezinsukwini zokugcina." Futhi ngingathatha lowomBhalo ofanayo, bese ngithatha ibalazwe lalapho amaJuda ehlezi khona namuhla futhi ngifakazise kini akuyo impela indawo efanayo uJakobe athi ayoba kuyo osukwini lokugcina. Futhi awazange akwenze, lapho, kade engekho kuleyondawo aze abuya kusukela ngoMeyi ziyisikhombisa, ngo 1946, ngobusuku iNgelosi yeNkosi eyabonakala ngabo kimi phezulu lapho futhi yakhuluma ngalokhu ukuthunywa. Futhi nginganikhombisa lokho, ngenkathi ebuya engena ezweni elisha, ashaya yona impela indawo lapho uJakobe athi ayohlala kuyo. Futhi lapho ahlezi lapho namuhla. O, o, he, o, he! Sesisondele ngosuku olulodwa eKhaya, yilokho kuphela.

132 Nina bantu abathandekayo, niyagula, kungenjalo beningeke nime lapho ukuba nime nje. Ngingumfowenu. Nginomyalo ovela kuNkulunkulu ukuba ngikhulekele abagulayo. Akunjengokwami . . . ngokungathi nginamandla okuphulukisa, anginawo. Kodwa nginamandla omkhuleko. Njengoba ngishilo namhlanje ekuseni, uDavide wayengenalutho kodwa indwayimane encane, kodwa wathi, "Ngiyazi ukuthi izokwenzani ngamandla kaNkulunkulu kuyo." Niyabo? Kuphela nje nginomkhuleko omncane ukuba nginenzele wona, nezandla zami ukuba ngizibeke phezu kwenu, kodwa ngiyazi ukuthi ukukholwa kuNkulunkulu kuzokwenzani. Kubenzele abanye, kuzokwenzela nawe. Kholwani yilokho manje nisa khuphuka ngqo, nje nisondela kancane endaweni.

133 Manje, angazi, ukwenza lokhu kwanele kakhulu, ukuthi ngingecele yini umfowethu ukuba eze lapha futhi abagcobe ngamafutha. Uzokwenza lokho, Mfowethu Neville? Ngizocela ibandla uma ningakhothama ngomkhuleko.

134 Manje khumbulani, ngeviki eledlule lapho bengigula kabi nalowo khasta oyela omdala, bengiyonika noma yini uma umuntu ubefikile wangibeka izandla. Uma benginomuntu ofikayo, uNkulunkulu ambusisile wamsiza, bengiyokuthakasela kakhulu. Nonke niyakuzwa manje njengoba ngenzile ngaleyonkathi. Niyezwa manje nifuna ngenze njengoba nje bengifuna umuntu ukuba angenzele ngaleyonkathi. UNkulunkulu angavumi ukuba ngike ngidebesele umsebenzi. Mangithi njalo, noma ngabe ngikhathele, lapho ngidiniwe, lapho kulukhuni ngisho ukuba ngisuse unyawo kolunye, mangihambe, ngoba ngizohlangabezana nani nonke futhi, ngale kuleloZzwe laphaya.

135 Bese nina besifazane abadala nowesilisa omdala, senivithikile, izinwele zimpunga futhi ziyawohloka, futhi

ziwohloka ziba yizimvithimvithi njengembali evule imiqumbe yayo emincane, yawohloza izigcebe zayo futhi zivuthuluka, senizoba yizimvithi, nje aninjalo? Kunjalo. Nje . . . Futhi okuyiyonanto kuphela enifuna ukuyihlalela ndawonye ngukuba nikhanyele inkazimulo kaNkulunkulu. Ngakho nxa isitha sikubhozomela manje sasesiphuma sibaleka, ngiza nendwayimane kaNkulunkulu, nokukholwa, nesiphiwo uNkulunkulu angipha sona. Nakhu engikushilo, ukuze nikuqonde. Ngithe, "Ukuba uPetru ubengavele angene, noma abanye babo." Ungakusho lokho. Anidingi ukuba ningikhulekele. Avele angene kanje, bese ethi, njengakulona wesifazane, athi, "Ngabe unguDadewethu u*S'bani-bani*?" Ungubani igama lakho? UDadewethu uHoward. Athi, "UnguDadewethu Howard. Ulikholwa, Dadewethu Howard? Uyakholwa, ulikholwa? Ngakho, uyabo, unamalungelo kuzo zonke izibusiso zokuhlengwa." Khona-ke bengiyothi, "Dadewethu Howard, konke kuzolunga," bese ngisuka ngihambe. O, kanjani . . . Ngathi, "Bengizoklabalasa, bengiyomemeza." Bengiyothi, "Nkosi, kufanele kubenjalo nje. Kufanele kubenjalo nje."

136 Futhi ngacabanga, "Yebo, abantu bacabanga leyonto efanayo uma ngiza ngibakhulekela." Ngakho kuyilokho. Niyabo ukuthi ngiqonde ukuthini?

137 Futhi ngike ngama, izikhathi eziningi, futhi ngathatha abantu, futhi ngithi, "O, dadewethu othandeka kakhulu, uzoKukholwa? O, uzoKukholwa?" "Nkosi, O Nkulunkulu, benze baKukholwe. Yenza baKukholwe." "O, ngiyacela, uzoKwemukela manje?" Akusikho lokho. Sengedlule kulokho. Ngedlulile kulokho.

Ngivele ngisho lokhu, "Dadewethu Howard, ulikholwa?"

"Yebo, ngiyilo."

138 "Kulungile, Dadewethu Howard, uma ulikholwa, uyindlalifa kukho konke uNkulunkulu anakho." Bese nje ngithatha isandla sakhe. Niyabo, ngikholwa yilokho. Ngixhumana noDadewethu Howard ngokumbeka izandla. UJesu akazange athi "nibakhulekele," Wathi, "Bavele bababeke izandla zabo." Yilokho, bese-ke eyaphulukiswa. Angathi, "Konke kuzolunga," Dadewethu Howard. Ngakho ungahamba uye ekhaya uphile. UNkulunkulu akubusise.

139 Udadewenu . . . [Udade uthi, "Hampton."—Umhl.] Dadewethu Hampton, ulikholwa, awusilo? Uyindlalifa kukho konke Anakho. UNKulunkulu abe nawe, Dadewethu Hampton. Hamba uye ekhaya uphile manje. UJesu Kristu usekuphulukisile. [UMfowethu Branham uqhubeka nokukhulekela abantu.]

